

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2022

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-9.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1****INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo evulelekile edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA noma ANGIYAVUMA/NGIYAVUMA azinikwa amamaki. Ngokufanayo nalezi ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO noma IQINISO/UMBONO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
5. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
6. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.
7. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
Isib: 1.1.5 USizwe/A (okuwuhlamvu oluphelele).

- 1.1 1.1.1 uCyprian/uBhekuzulu.✓ (1)
- 1.1.2 Sabe sisesincane ukuthi singathatha isihlalo sobukhosi.✓ (1)
- 1.1.3 Sayiswa eSwazini ✓/Saya kohlaliswa eSwazini.✓/Sahanjiswa kwelinye izwe✓/Sacashiswa✓ (1)
- 1.1.4 Wawenzelwe eHlalankosi kwaNongoma esigodlweni saKwakhethomthandayo.✓ (1)
- 1.1.5 A ✓/Ebusuku kakhulu.✓ (1)
- 1.1.6 Abantu baKwaZulu basebebheke ngabomvu ukuthi iSilo samabandla onke, uNgangezwe lakhe, uMdlokombana njengoba ayebizwa kanjalo athathe isihlalo sobukhosi.✓✓ (2)
- 1.1.7 Waba yinxusa elaliqwashisa abantu ngesifo sofuba.✓✓ (2)
- 1.1.8 Abantwana ✓/Amazinyane.✓ (1)
- 1.1.9 Okubili kwalokhu:
Izimpendulo zingehluka kuye ngobhalayo ukuthi ufingqe kanjani.
- Savuselela imikhosi ehlukeni kanye namasiko.✓/
 - Sabamba iqhaza kwezempilo ekulweni nezifo eziqeda abantu.✓/
 - Sathuthukisa umculo wesiNtu ohlukeni.✓ (2)
- 1.1.10 (a) Besithandwa kakhulu.✓✓/besikhonzwe kakhulu.✓✓ (2)
- (b) Ukuzokhalisana.✓✓/ukuzoduduza.✓✓/ukuzozwelana.✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.1.11 (i) C ✓/ Ukugula.✓
- (ii) D ✓/ Ukushona.✓
- (iii) A ✓/ Ukungcwatshwa.✓
- (iv) B ✓/ Ithuna.✓ (4)
- 1.1.12 Izimpendulo ziyokwehluka.
Okubili kwalokhu:
- Kungenza isizwe sibumbane.✓/
 - Kungakhuphula izinga labaculi nabadlali, kwandise nabalandeli.✓/
 - Kunganyusa amandla ezomnotho esizweni.✓
 - Kungenza ezemidlalo zithandwe kakhulu.✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka.

Okubili kwalokhu:

Isibonelo;

- Kuwusiko lwaKwaZulu ukuthi amakhosi kube umuntu wesilisa.✓/
- Abesifazane bayagana bashintshe isibongo.✓/
- Amantombazane angaganela kwezinye izizwe bese bulahleka ubukhosi.✓

(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

1.2 1.2.1 Ifile.✓/ iqhunyelwe isondo.✓/iphantshelwe isondo.✓/

(1)

1.2.2 Ukucela ulift.✓/ukufuna imoto engamthatha.✓

(1)

1.2.3 Ukuthwala izidumbu.✓/ukungcwaba.✓

(1)

ngoba kunebhokisi lezidumbu elinophawu lwesiphambano.✓/Izimbali ezisetshenziswa emngcwabeni.✓/inkulu ngokwanele ✓

(1)

1.2.4 Okukodwa kwalokhu:

- Imoto ingantshontshwa izigebengu.✓✓/
 - Imoto bangayicwiya. ✓✓/
 - Imoto ingathathwa amaphoyisa ngoba ivala umgwaqo.✓✓/
 - Imoto bangayishayisa ngoba imi endleleni. ✓✓/
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)

(2)

[30]

AMAMAKI ESIQEPHU A:**30**

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBULO 2****Amaphuzu angabhekwa:**

	AMAPHUZU ACASHUNIWE		AMAPHUZU AHUNYUSHIWE
1.	Kubalulekile ukuba nobudlelwane obukhulu nomnikazi womcimbi.	1.	Makube nomuntu omazi kahle umnikazi womcimbi ukuze kungenziwa angakuthandi.
2.	Akumenywe abantu asondelene nabo futhi abathandayo.	2.	Abantu abamenyiwe makube abaziwayo umnikazi womcimbi.
3.	Kumele nihlele indawo engaphandle kwasekhaya ukuze angasoli lutho owenzelwayo.	3.	Akube nendawo eseceleni okungenzelwa kuyo umcimbi ezoba yimfihlo kumnikazi womcimbi.
4.	Kufanele kuhlelwe zonke izindleko bese kubalwa ukuthi umuntu ngamunye uzofaka malini.	4.	Bonke abozoba yingxenywe yomcimbi abavumelane ngemali ezokhokhwa ukuze umcimbi ube yimpumelelo.
5.	Ikhekhe enilithengayo kumele lihambisane nohlobo lomcimbi kanye nesitayela somuntu owenzelwayo.	5.	Qiniseka ukuthi ikhekhe lomcimbi kanye nesitayela kuyavumelana nohlobo lomcimbi.
6.	Umuntu ohlulekayo ukugcina imfihlo kufanele adonswe ngendlebe ukuthi angatsheli muntu kuze kufike usuku.	6.	Abantu abahluleka ukugcina izimfihlo abayalwe ukuthi babe nesifuba.
7.	Kufanele kube nendlela ethile yokukhuluma uma ekhona umnikazi womcimbi ukuze angasoli lutho.	7.	Akuhlelwe indlela yokuxhumana ukuze umnikazi womcimbi angabi nakusola.

Ukumakwa kokufingqa

Ukumaka kubhekela ukuba khona kwamaphuzu abalulekile nokuhlungwa kwalawo angabalulekile empendulweni ngokombuzo.

Ukufingqa kumele kumakwe ngale ndlela:

- **Ukwabiwa Kwamamaki:**
 - Amamaki ayi-7 ngamaphuzu ayi-7 (Iphuzu lilinye labelwa imaki elilodwa).
 - Amamaki ama-3 abelwa ukusetshenziswa kahle koLimi.
 - Isamba samamaki-10.
- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Esebenzise Awakhe Amagama:**
 - Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: Uklonyeliswa ngemaki eli-1.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngamamaki ama-2.
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Uklonyeliswa ngamamaki ama-3.

- **Ukwabiwa Kwamamaki Okusetshenziswa Kolimi Lapho Umfundi Ecaphune Njengoba Kunjalo Esiqeshini:**

- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
- Iphuzu eli-1 kuya kwama-5: Uklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.

QAPHELA:

- **Ukubalwa Kwamagama:**

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqile, omakayo kumele afunde wonke umusho wokugcina ngaphezulu kwesibalo esibekiwe awuqede, angabe esakunaka okunye okuza emva kwalowo musho.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3****Indlela yokumaka ISIQEPHU C**

- **Ukupelwa kwamagama/Isipelingi**

- Izimpendulo ezidinga igama elilodwa mazimakwe noma kunamaphutha esipelingi, ngaphandle uma iphutha lishintsha umqondo/incazelo yegama.
- Uma impendulo ingumusho ogcwele, amaphutha esipelingi awanganikwa amamaki uma kuhlolwa ulimi.
- Uma kuhlolwa isifinyezo, impendulo mayibe nophawu lokuloba olufanele.

- Ukwakhiwa kwemisho makulandele uhlelo lokusetshenziswa kolimi olufanele.
- Emibuzweni lapho kukhethwa khona izimpendulo, yamukela KOKUBILI uhlamvu oluhambisana nempendulo efanele NOMA impendulo efanele ebhalwe ngokugcwele.

3.1 Kubafundi abafuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo ephakeme.√ (1)

3.2 OKUBILI kwalokhu:
 • Onogada abagcina ezokuphepha kwabafundi.√/
 • Amakamelo okulala anamakhompyutha ne-Wifi.√/
 • Amakhishi anakho konke ongakudinga.√/
 • Izindawo zokuzivocavoca.√ (2)

3.3 D.√/ Funda ukuzenzela izinto ungathumeli.√ (1)

3.4 Indawo yabafundi ephephe kunazo zonke.√√ (2)

3.5 UZandi ufune indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo.√/ UZandi **w**afuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo.√/ UZandi **u**befuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo.√/ UZandi **w**ayefuna indawo yokuhlala eseduze nesikhungo semfundo.√ (1)

3.6 Isihloko **s**esikhangiso yi-Fund'ubheke Loft.√ (1)

3.7 Okubili kwalokhu:
 • Ifonti enkulu isetshenziselwa ukuthi abantu basheshe babone okukhangiswayo.√/
 • Ifonti encane kakhulu isetshenziselwa ukuthi abantu bangasheshi ukubona okubhaliwe.√/
 • Ukwenza isikhangiso sibe sihle futhi sihehe.√
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)

[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Usuke eyobheka/eyofuna umsebenzi.✓ (1)
- 4.2 C.✓/Ekhaya.✓ (1)
- 4.3 Kamnandi.✓ (1)
- Isikole sami sicula kamnandi.✓ (1)
- 4.4 Okubili kwalokhu:
 • Indlela akhuluma ngayo naye✓/.
 • Ukubeka izandla eqolo uma ekhuluma nomalume.✓/
 • Amagama/amazwi awasebenzisayo kumalume wakhe.✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 4.5 Ukugcizelela umbuzo wakhe.✓✓/ukudelela.✓✓ (2)
- 4.6 UMBONO, akusibo bonke abantu abaqede umatikuletsheni abasebenzayo.✓✓/
 Baningi abantu abanomatikuletsheni abahleli emakhaya abangasebenzi.✓✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- [10]**

UMBUZO 5

- 5.1 5.1.1 Umntwana akasaziphethe kahle.✓ (1)
- 5.1.2 uthishela**kazi**.✓ (1)
- 5.1.3 (a) ihlathi.✓ (1)
- (b) abafana.✓ (1)
- 5.1.4 C.✓/ isenzo + isiphawulo.✓ (1)
- 5.1.5 AboMnyango wezeMpilo **abakhalanga** kakhulu ngezingane zamantombazane.✓ (1)
- 5.1.6 Bhuqe.✓/tsu.✓ (1)
- 5.1.7 Umzali ufund**isa** umntwana wakhe.✓ (1)
- 5.1.8 Isifaniso.✓✓ (2)

5.1.9 Impendulo mayiveze umusho onomqondo osho isibindi esiyinyama edliwayo noma esiyisitho somzimba womuntu.

Izibonelo:

Izolo sidle **isibindi** esosiwe.✓✓/

Udokotela uthe akayeke ukuphuza ngoba **isibindi** sakhe sesibuthaka.✓✓

(2)

5.1.10 AboMnyango wezeMpilo bathi izingane zabo zamantombazane zikhulelwa zisencane ngenxa yokudlala obaba abadala.✓✓

(2)

5.2 5.2.1 Umbuzombumbulu.✓

(1)

5.2.2 Skhotheni.✓

(1)

5.2.3 Ngiyeke! **Buka**✓ ama-aphula✓ kamama achithekile manje.

(2)

5.2.4 Ngiyakuthanda.✓

(1)

Awuboni ukuthi ngiyakuthanda?✓

(1)

(20)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80